



# IMIYALELO YOKWENGEZA (SI)

## INCAZELO YAMAZWE NGAMAZWE YOMYALELO WOKWENGEZA I-SI

“I-SI akuyona indlela eyakhelwe abafundi abangenzi kahle ezifundweni noma ephoqiwe kumfundi, yindlela esekela abafundi ekuphumeleleni ezifundweni ngokuthi ihlanganise “okumele kufundwe” nokuthi “kufundwe kanjani”. I-SI iqukethe izikhathi zokufunda ezihlelelwayo njalo, ngaphandle kwezikhathi ezijwayelekile zokufunda nokufundisa (lectures), igqugquzelwa izidingo zabafundi. Lezikhathi zokufunda ziholwa ontanga abaqeqeshiwe abasebenzisa izindlela zokubambisana ukuqinisekisa ukuxhumana nokusebenzisana kontanga emaqenjini amancane okufunda. I-SI yenzelwe izifundo ezinobungozi obuphezulu (ezingaphaseki kalula) ngokubonisana nabasebenzi bezemfundo, bese yesekelwe iphindwe ihlolisiswe umphathi oqeqeshiwe (Umhlanganisi)” ([www.umkc.edu/si](http://www.umkc.edu/si)) ([www.umkc.edu/si](http://www.umkc.edu/si))

## IYINI IMIYALELO YOKWENGEZA?

- I-SI yenzelwe/isungulelwe ukweseka abafundi ezifundweni ezidume ngobunzima., Isibonelo, izifundo ekungenziwa kahle nekushiywa phakathi kuzo (drop-out).
- I-SI igxile ekutholeni izifundo ezilukhuni, Hhayi ukucwasa abafundi abangenzi kahle kuleso sifundo.
- I-SI yeseka izifundo zasekilasini – ayenzelwanga ukuthatha isikhundla samakilasi. Imihlangano yeSI yenzeka emva kwesikhathi samakilasi kanye noma kabili ngesonto.
- I-SI inemihlangano ehlukelele yezifundo ezehlukene. Isibonelo, izifundo zomthetho, izifundo zomnotho, njalo njalo.
- Lemihlangano ye-SI iholwa abafundi abaqeqeshiwe ngokuyalela kwaloluhlobo. Labafundi/Labaholi basuke bevelele kulezizifundo. Akubona abafundisi (Lecturers), kodwa bangabangani.
- Lababaholi abafundisi kodwa bazosiza abafundi ukuthi baqondise izifundo zabo. Abafundi baletha izincwadi zabo nemibuzo yabo.
- I-SI yindlela esekela abafundi ekuphumeleleni ezifundweni ngokuthi ihlanganise “okumele kufundwe” nokuthi “kufundwe kanjani.
- Kuyabanjiswa emihlanganweni ye-SI lokhu kuvumela abafundi bakwazi ukuzisiza bona.
- Ukuthamela imihlangano yeSI kumahhala.

## IMIHLANGANO YOMYALELO OWENGEZIWE

- I SI ayivali isikhala sama kilasi kunalokho ikhona ukuze isize abafundi ngezinto abangaziqondi ebebenziwa ngesikhathi sokufundisa kuleso sifundo. Noma ikhona I SI kusadingeka ukuthi uzifundele, uphinde ufake amandla adingekayo ukuze uphumelele.
- Abaholi be-SI balindele/babheke wena ukuthi ufike nezinto ongaziqondi noma imibuzo mayelana naleso sifundo.
- I-SI ibandakanya ukusizana kwabafundi, futhi iholwa abafundi abaphumelela kahle kuleso sifundo.
- I-SI itholakala ngezindlela ezahlukene, abaholi be-SI bazonazisa. Kulesikhathi sisabhekene ne COVID-19 sisebenzisa izindlela za-online zokuxhumana kodwa kungenzeka nihlangane ubuso nobuso nabaholi benu.
- Umsebenzi owenza emihlanganweni ye-SI usiza wena mfundi uqondisise kancono, awubalwa njengengxenywe yezivivinyo zesifundo
- Abaholi (SI Leaders) ngeke baqale phansi bafundise lokhu uthisha akufundise kona kodwa bazokusiza ukuthi ukuqondisise

## UBANI OKUMELE ATHAMELE I-SI?

- Bonke abafundi ababhalisiwe ngaphansi kwesifundo bamukelekile ukuthamela i-SI.
- Ukuthamela i-SI kuya ngokuzithandela okanye ngokuzikhethela komfundi,awuphoqiwe.
- Ukuthamela komfundi i-SI akubalwa njengengxenywe yezivivinyo zesifundo.
- Izibalo ziveza ukuthi abafundi abathamela i-SI izikhathi zilandelana (njalo) bathola imiphumela engaphezulu kwelindelekile okanye benza kangcono kakhulu kuleso sifundo.
- Abafundi bazobona umehluko noma intuthuko emva kokuthamela i-SI izikhathi zilandelana noma kaningana. Akwaxhi mehluko ukuthamela i-SI kanye noma kabili.
- Umfundi uyagqugquzelwa ukuthamela i-SI, angalindi ukuze angaphumeleli esifundweni ngaphambali kokuba uthamele i-SI.

## UKUTHOLA EMINYE IMINININGWANE XHUMANA NO:

Liesl Smith  
10 -01 17, E-South Campus (Ebhidini lomculo, esakhiweni sangezansi)  
liesl.smith@mandela.ac.za

Philip Kitching  
10 -01 15, E-South Campus (Ebhidini lomculo, esakhiweni sangezansi)  
philip.kitching@mandela.ac.za

**Translators:** Sipiwe Shange; Malibongwe Mthonti; Buhle Buthelezi; Nomfundo Sithole